



# UKUBALULEKA KOKUQOQWA KOMLANDO OYIQINISO NOYIWONAWONA

*Ukuqoqwa komlando luhlelo lapho umsebenzi wezempilo ebuza wena oyisiguli imibuzo emayelana nawe kanye nokugula kwakho. Kusemqoka ukuba ukwazi ukunika yonke imininingwane efanele emaqondana nokugula kumbe ukulimala kwakho ukuze umsebenzi wezempilo akwazi ukuhlonza lokho okukugulisayo aphinde ahlinzeke imishanguzo efanele ukusetshenziswa*

MEDICAL HISTORY FORM

Name: \_\_\_\_\_  
DOB: \_\_\_\_\_  
Date: \_\_\_\_\_

Occupation \_\_\_\_\_ Number \_\_\_\_\_ Marital Status \_\_\_\_\_ Please circle: Single \_\_\_\_\_ Married \_\_\_\_\_ Separated \_\_\_\_\_ Widowed \_\_\_\_\_ Now Sep. \_\_\_\_\_ Children and ages: \_\_\_\_\_

**LAST MEDICAL HISTORY:** Please circle all that apply:

High Blood Pressure	<input type="checkbox"/> CVA/Stroke	<input type="checkbox"/> Heart Disease
High Cholesterol	<input type="checkbox"/> Epilepsy/Seizures	<input type="checkbox"/> Rheumatic Fever
Diabetes	<input type="checkbox"/> Chronic Headaches	
Thyroid Disease		
Liver Disease	<input type="checkbox"/> Depression	<input type="checkbox"/> Menstrual Disorder
Hepatitis A, B, or C	<input type="checkbox"/> Dep.	<input type="checkbox"/> Sexual Dysfunction
All Bladder Disease	<input type="checkbox"/> Alcohol	<input type="checkbox"/> Sexually Transmitted Disease
Haemorrhoids	<input type="checkbox"/> Substance Abuse	<input type="checkbox"/> HIV/AIDS

**UNGALOKOTHI USHIYE EMINYE IMINININGWANE YOMLANDO YEMPILO YAKHO ONGAYICABANGA UKUTHI WENA AYIBALULEKILE, UNGABI NAMAHLONI UKUSHO NANOMA YINI EKUHLUPHAYO EMPILWENI. UVUMELEKILE UKUBUZA NANOMA YIMIPHI IMIBUZO UMA KUKHONA AMAGAMA EZEMPILO ONGAWAQONDI KAHLE ASHIWOYO.**

**ABASEBENZI BEZEMPILO BAPHOQELEKILE UKUGCINA YONKE IMINININGWANE YAKHO IYIMFILO. UYACELWA UHLINZEKE UKHLEI LENDAWO OHLALA KUYO ELIQONDILE.**

LOKHU KULEKELELA UMSEBENZI WEZEMPILO AKWAZI UKUKUTHOLA, UMA KWENZEKILE WAPHUNDULWA YISIKHATHI OKUFANELE UBUYELE NGASO EMTHOLAMPILO NOMA UMA KUDINGEKA BAKUTHUMELELE IMIPHUMELA YOKUHOLWA KWEMPILO YAKHO KANYE NOKUHLELA ISIKHATHI SOKUBUYELA KWAKHO EMTHOLAMPILO.

**UYACELWA UKUBA UHLINZEKE IZINOMBOLO ZOCINGO KUMBE ZIKAMAKHALEKHUKHWINI OKUNGENANI EZIMBILI (2) EZIYIQINISO UKUZE UMSEBENZI WEZEMPILO AKWAZI UKUXHUMANA NAWE MAQONDANA NEMIPHUMELA YOKUHOLWA KWEMPILO YAKHO KANYE NOKUHLELA ISIKHATHI SOKUBUYELA KWAKHO EMTHOLAMPILO.**

**UMA SEKWENZEKA UKUTHI UYA KOHLALA KWELINYE IDOLOBHA NOMA ISIFUNDAZWE, UYACELWA WAZISE ABASEBENZI BEZEMPILO UKUZE BAQINISEKISE UKUTHI LAPHO OYA KHONA **UZOKWAZI UKUQHUBEKA NEMISHANGUZO YAKHO NANOKUTHI BAKWAZI UKUDLULISELA IMINININGWANE YAKHO KULESO SIKHUNGO SEZEMPILO ESIZOBIA SEDUZE NAWE.****

**UKUXHUMANA OKUYIQINISO, NOKUYIKONAKONA OKUPHAKATHI KWESIGULI KANYE NOMSEBENZI WEZEMPILO KUNGASINDISA IMPILO.**